

UMNYANGO WEMFUNDU WASEGAUTENG
UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHANSI
(Iphepha Lokuqala)

ISIKHATHI: 2 amahora

IMIKLOMELO: 75

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
- Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
- Izinombolo zingaxovwa.
- Bhala ngobunono.

ISIGABA A

UMBUZO 1

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

Umama wami wayegcwalise isitsha sakhe mikithi ngokudla okuthosiwe emafutheni Wawumbona nje ukuthi weneme yinjabulo. Ngizizwe sengishilo kuye ukuthi uma engawanaki amagama engimxwayisa ngawo mayelana nokudla okunamafutha kakhulu uzozithola esenkingeni yokugula, futhi uzofa esesemncane. Lokhu kuzwakala njengento ebuhlungu engashiwo yindodana ibhekise kunina obeseneminyaka engu-90.

Iqiniso elimsulwa wukuthi umama wami usephile isikhathi eside kusukela ngo-1908 kuze kube manje, engakuggiziqakala ukuthi yikuphi ukudla "okungcono" akudlayo. Okwakumjabulisa umama wukuthi uma nje ukudla kunambitheka kufanele kudliwe ngaphandle nje kwexhala.

Ngcabanga ukuthi yikho ukungabi nexhala okwakumenza ukuthi ahiale ephilile. Phela kuthiwa uma ungenalo ixhala ngokudla okudlayo nemizwa yakho iyakusiza ukuthi lokho okudlile kwetshiseke kahle.

Uma ufika emcimbinothile kudekwe kahle ukudla etafuleni kukhona wena klabishi, izaqathi, inyama yenhlobo-nhlobo, amazambane njalonjalo, kodwa uma imizwa yakho ingafisi ukuthi udle, akufanele ube usaqhubeka ngoba uma nje uke waqhubeka, lokho kuyokudalela ukungaphatheki kahle emzimbeni.

Abangani kanye nabantu abazi kangcono ngemithetho yokudla bayaye bacabange ukuthi kufanele batshele abantu ngokufanele bakudle nokungafanele bakudle. Okungekuhle ngalaba bosiyazi kanye nabangani wukuthi bayaphikisana. Kulo nyaka bathi yidla lokhu bese kuthi ngonyaka ozayo bathi akusalungile lokho ebebethi kudle ngonyaka odlule. Bayaye bakholwe ukuthi umuntu yisidalwa esingadla yinoma yini kusukela ezitshalweni kuye enyameni.

Umbuzo omkhulu wukuthi kwenziwa yini abantu babopheke izisu bajke futhi baguliswe wukudla abakudlayo? Impendulo wukuthi indlela esiphila ngayo yiyona ebalulekile. Uma ungumuntu ongakhuthele awusheshe ulambe ngakho-ke udla kancane.

Kodwa ezinsukwini zanamhlanje sesibona abantu abargakhuthele bedla kakhulu. Lokhu-ke kuyingozi ngoba kubulala imizwa yokucabanga, bese babe ngamavila. Ukudla yinto efanele idliwe unesikhathi khona kuzokwazi ukwetshiseka kahle. Mhlawumbe nami njengoba ngisaphila ngingumqemane nje yingoba ngiyaqiniseka ukuthi ngidla ukudla "okunomsoco," nokuthi ngiyawuhlonipha umthetho wezindlela zokudla.

Ngenkathi umama wami esegula kakhulu, ngambuza ukuthi ingabe ikhona yini into ewukudla okuthile ayidingayo. Wasimze nje waphendula wathi "Inyama eyosiwe, nomfino kanye nethoti kagologo. Uma usuhamba kulo mhlaba kufanele uhambe kamnandi ushwibiliha."

1.1 Khetha impendulo eyiyona yona kulezi ezingezansi:

Umlayezo odluliswa ngumbhali kule ndatshana yonke engenhla yilona:

- A. Usuke uchitha isikhathi uma uzixakekisa ngento ozoyidla.
- B. Impilo yakho ayisimamiswa ngukudla okudlayo.
- C. Ukuqaphela okudlayo akukuniki isiqiniseko sempilo ende.
- D. Kufanele ushintshashintshe ukudla ngezikathathi zonke. (2)

1.2 Ube neminyaka emingaki unina wombhali ngenkathi emkhuza ngokudla akudlayo? (1)

1.3 Ake ubhale umugqa noma umusho oqukethe umbhinqo kwipharagrafu yokuqala. (1)

1.4 Shono ukuthi lo musho ongezansi UYIQINISO noma NGAMANGAbese usekele impendulo yakho:

- Umbhali wale ndaba ungumuntu okhohlakele kunina kungekho isidindo. (2)

1.5 Ngelinjani itafula elidekwe kahle ngokwasendaben? (2)

1.6 Ngamagama akho ake uchaze ukuthi yini efanayo phakathi kwabangani kanye nezazi kwezokudla okunempilo. (2)

1.7 Kwenziwa yini igama "okungcono" ipharagrafu yesibili libhalwe ngokufakwa kubakaki. (2)

1.8 Igama elithi "nambitheka" lichaza ukuthini?

- A. Muncu.
- B. Ukudla okumnandi.
- C. Ukudla okunomsoco.
- D. Indlela okufanele umuntu adle ngayo. (2)

- 1.9 Bhala izizathu ezimbili ezenza ukuthi umuntu abe nesisu esiqinile uma eqeda ukudla. (2)
- 1.10 Ngokwale ndaba yini lena esesiyibona yenzeka ezinsukwini zanamhlanje? (2)
- 1.11 Khetha impendulo eyiyona yona:
- Ukudla yinto efanele idliwe unesikhathi.
 - Ukudla yinto ongayidla ujahile.
 - Ukudla yinto ongayidla ushayela imoto.
 - Ukudla yinto ongadingi ukuyihlonipha ngokulandela imithetho yokudla. (1)
- 1.12 Kwenziwa yini umbhali athi ungumqemane? (2)
- 1.13 Ngamagama akho shono ukuthi yini engasenza ngcono sibe yimiqemane? (2)
- 1.14 Khetha impendulo engesilona iqiniso kulezi:
Yini lena umbhali abuza unina ukuthi angayidla njengoba esegula kakhulu:
- Yinyama eyosiwe.
 - Umfino.
 - Amaqanda.
 - Ithoti kagologo. (1)
- 1.15 Kuchaza ukuthini ukuhamba kulo mhlaba? (1)
- [25]

ISIGABA B

UMBUZO 2

Fingqa le ndaba ngamagama akho.

Qaphela ukuthi ungagudluki emongweni wayo futhi ungeqi emagameni angama-20.

UGumede wabona kungcono aqonde aphikelele ngqo emzini kaBhukuda indoda eyayinolaka iyisedeleli iqhuba intwala ngewisa eyozizwela ngezindlebe zakhe lolu daba, lokungaphathwa neze kahle kwendodana yakhe eyayingumdondoshiya wensizwa uSipho. Ekufikeni qathatha kwakhe uGumede wazehlela kuye uBhukuda ngenhlamba emusho nokuthi unguvula vale wesishimane. Inkunzi yesiphukuphuku, umahlafuna shungama.

Kwathuka wonke umuntu uma bebona uBhukuda ezithulela nje ewuhlaba inhlali engaphenduli nangelilodwa nje igama yize enamandla asabekayo okulwa njengebhubesi.

[10]

ISIGABA C

UMBUZO 3

Funda lesi siqeshana esicubulungiwe bese uphendule imibuzo elandelayo:

Wo,hhe! Goba msenge udiwe zimbuzi! Yithi laba esinyawo zintwasantwasana! Akuphindelwa emuva kungemqiggo. Ukuba kuyaphindelwa ngabe ngiyaphindela kulesiya simo esimnandi senkululeko. Ngoba thina laba sake sakhluleka.

Sivuka ekuseni sigeze sidle qede umzimba siwubophe siwunqalisise ngazo zonke izinhlobo zezibopho, ikakhulu uma umuntu engemncane ngomzimba.

Yichilo manje ukuba nomkhaba. Kanti sisakhululekile wawuligugu umkhaba womnumzane nowensizwa. Yinkwabazana eyayilichib, ingenalo ilungelo lokukhululeka. Ngakho-ke ngomame abalwa nenkwabazane kuhphela abazinkamfula ngesifociya.

Abanye abantu bazibopha lapha emehlwani ngokufaka izibuko ezinethunzi kunokuthi babone umhlabo njengoba unjalo, bona bawubona ngenye indlela. Angazi noma bafuna ukuphikisana nendalo. Kukhona futhi uhlobo lwabantu olubopheke ngaphakathi. Abantu abakhulumisani nomakhelwane, ubophekile. Wazibopha ngokuthi atshele abantu ukuthi yena akaceli lutho lwamuntu. Uliqili elizikhatha emhlane. Uze wakha uthango olude ukuthi angabonwa ngomakhelwane. Naye akafuni ukubabona akafuni kuhlushwa. Uma esefuna bambone akasazi ukuthi uzokwenzenjani, ubophekile ubiyelekile. Waqala ngokuzibopha izinyawo ngezicathulo – wenyuka wanciphisa umkhaba ngesixwexwe sebhande. Wenyuka weza esifubeni wasifonqoza wathi masithule sithi du, singanyakazi. Wenyuka waziklinya ngomchilo entanyeni. Abantu abamboni noma unamabhanyaza amehlo abomvu tebhu noma ukubuka ngeso lengulube ngoba ihlo lakhe awuliboni. Akanandaba nokugila umkhuba ngoba uyazi ukuthi ngubani. Uzovela azishayele umcudlwana ngekhwelo, ngoba usenjengomuntu ongasekho.

Amawisa: ngu CSZ Ntuli no D.B.Z. Ntuli

IMIBUZO

3.1 Chaza ngokugcweli ukuthi izinguquko ezitholakaka kulezi zinhlamvu ezidwetshelwe zidalwe yini.

- | | | |
|-------|-------------|-----|
| 3.1.1 | Sobuntu. | (1) |
| 3.1.2 | Entanyeni. | (1) |
| 3.1.3 | Umcudlwana. | (1) |
| 3.1.4 | Umntwana. | (1) |

3.2 Izijobelelo/izakhi ezidwetshelwe endabenzi ziqukethe mqondo muni?

- | | | |
|-------|----------------|-----|
| 3.2.1 | Kuyaphindelwa. | (1) |
| 3.2.2 | Lokuthengisa. | (1) |
| 3.2.3 | Emehlwani. | (1) |

- 3.3 Iziphongozo ezidwetshelwe zisebenze kanjani?
- 3.3.1 Ukuphikisana kubi. (1)
3.3.2 Abantu bafuna inkululeko. (1)
3.3.3 Abakhulumisani oZodwa noThoko. (1)
- 3.4 Ukuypifi indlela lo musho odwetshelwe lapha endaben? Bhala owakho umusho okuyo leyo ndlela. (2)
- 3.5 Lesi saga esidwetshelwe ekuqalen i kwendaba sikuyiphi indlela? (1)
- 3.6 Sebenzisa isenzo “goba” emushweni siveze indlela esabizo. (2)
- 3.7 Muzwa muni ovezwa yilesi sibabazo esiqeshini?
Wo hhe! (1)
- 3.8 Guqlula lo musho wenze igama negama elisebunyen libe sebuningini:
Wawuligugu umkhala wensizwa. (3)
- 3.9 Sebenzisa isenzo “bopha” emushweni emibili siveze lezi zimpambosi.
3.9.1 Yokwenzela. (2)
3.9.2 Yokwenzisa. (2)
- 3.10 Bhala umusho oqukethe isiqondiswana esiphelele kulena engezansi?
A. Akazi ukuthi uzokwenzenjani ngoba ubophekile.
B. Akanandaba nokugila umkhuba.
C. Usengumuntu ongasekho. (1)
- 3.11 Zicizelelani lezi zenzukuthi ezsendarben?
3.11.1 tebhu. (1)
3.11.2 du. (1)
- 3.12 Khipha endaben igama elimqondo fana naleli elingeza:
Ihlazo. (2)
- 3.13 Nika igama eliphikisa leli elidwetshelwe.
Asiqali ekuqalen. (1)
- 3.14 Sifengqo sini lesi... usenjengomuntu ongasekho. (1)

[30]

UMBUZO 4

Funda lesi siqeshana bese uphendule imibuzo elandelayo:

Yiyona lendodakazi yami eyayisanda kumuliswa yangitshela ukuthi ithandana nomfana wakwa Tambo. Ngiye ngambuza ukuthi yini engenza umfana wakwa Tambo ehluke kwabanye abafana. Indodakazi yami yavele yathi "umfana ka Tambo ungifakela (ugqozi), futhi uma nginaye akayeki (ukuntele) nami.

- 4.1 Lungisa amagama akubakaki.
- 4.1.1 Iyona (lendodakazi) yami eyathi kimi
4.1.2 (izishaya) nomfana wakwa Tambo ngoba umfakela
4.1.3 (i-inspireyishini) futhi uma enayo akeyeki
4.1.4 ukujoka nami. (3)
- 4.2 Bhala igama elidwetshelwe ngendlela eyamukelwe. (1)
- 4.3 Indlela engcono ngesiZulu yokuchaza umuntu okhuluma ngokuntela njengomfana ka Tambo yilena.
- A. Unamancoko.
B. Uyancokola.
C. Unesincoko (1)
- 4.4 Faka izimpawu zokuloba ezishiywe kule misho.
- 4.4.1 Maye lafa elihle kakhulu
4.4.2 Ngimuzwe enyenyezela ethi lala sithandwa lal uphumule
4.4.3 Isizwe sazisiwe ngo 12 ukuthi indebe yomhlaba izoza kuleli lengabadi. 10x½=(5)

[10]

IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 75